USIZO KWABAQALA UKUBA NEZINDLU

UMNYANGO ukwaze ukusiza abantu abawu-401 ngonyaka wezimali odlule ngokohlelo iFinance-Linked Individual Subsidy Programme (iFLISP). I-FLISP ixhasa abantu abaqala ukuba nezindlu, ibasize ukuthenga indlu. Kuhlomula amakhaya ahola imali ephakathi kukaR3 501 noR22 000 akwazi ukuthola usizo lweFLISP uma ehlangabezana nayo yonke imigomo. Kulo nyaka wezimali, ngenxa yesabelomali esincishisiwe, umnyango uzibekele umgomo wabantu abawu-330 abazosizwa yinqubo yalolu hlelo.

Ingaphakathi lenye yezindlu zaseRidgeview Gardens, ngokohlelo lweFLISP kuMasipala waseThekwini.

OKUMELE UKWAZI NGOHLELO LOXHASOMALI ILOMUNTU NGAMUNYE I- FINANCE LINKED INDIVIDUAL SUBSIDY PROGRAMME (FLISP)

INOMBOLO YOCINGO:
(031) 336 5444

IMEYILI:
flisp@kzndhs.gov.za

1. IYINI I-FLISP?
Uhlelo Loxhasomali Lomuntu Ngamunye i-FLISP) luyindlela yoxhasomali lokusiza imindeni efanelekile ngokuhlinzeka ngesamba esikhokhwa kanye kuleyo mindeni ethole uxhasomali lokuthenga umuzi okokuqala ngqa.

2. NGUBANI OFANEKILE UKUTHOLA I-FLISP?
Nanoma ngubani oyisakhamuzi saseNingizimu Afrika oneminyaka engaphezulu kweyi-18, ohola phakathi kwama-R3501 & R22000 ngenyanga, futhi osezinhlelweni zokuthenga umuzi okokuqala ngqa. Umfakisicelo noma abafakisicelo akufanele futhi kube ngabantu asebake bathola uxhaso lwezindlu kuHulumeni phambilini, futhi kufanele kube ngabantu abashadile noma omasihlalisane. Uma engashadile, umfakisicelo kumele abe nomuntu oncike kuye ngokusemthethweni ngokwezimali.

3. INGISIZA KANJANI I-FLISP LAPHO NGITHENGA UMUZI?
Lolu xhasomali lungasetshenziswa njengediphozithi noma lufakwe esikweletini se-akhawunti yomuzi womfakisicelo ngaleyo ndlela-ke kwehle isikweletu somuzi.

4. NGABE I-FLISP IYIMALIMBOLEKO EKHISHWA NGUHULUMENI?
Cha. Lolu xhasomali luyisamba esikhokhwa kanye esingabuyiselwa kuHulumeni.

5. INGAKANANI IMALI ANGANIKEZA YONA UHULUMENI?
Lokhu kuncike ekutheni ingakanani imali eyisamba eholwa ngumndeni walowo ofaka isicelo, kuphinde futhi kuncike esilinganisweni esiqala phezulu sehle kusukela kuma-R27 960 uma ngabe imali eyisamba eholwa ngumndeni walowo ofaka isicelo ingama-R22 000 kuya kuma-R121 626 uma imali eyisamba eholwa ngumndeni ingama-R3 501.

6. NGISIFAKA KUPHI ISICELO SE-FLISP?
Amafomu okufaka isicelo atholakala kwi-FLISP Help Desk e-Eagle Building, 11th floor, 363 Dr Pixley Kaseme Street Durban noma e-199 Pietermaritz Street, Pietermaritzburg. Amafomu okufaka isicelo azotholakala kuwo wonke amagatsha amabhange amakhulu kuso esiFundazweni sonkana.

7. NGINGAYISEBENZISA YINI I-FLISP UMA NGINGALUTHOLI UXHASOMALI OLUPHELELE LOKUTHENGA UMUZI?
Yebo. Lolu xhasomali lungasetshenziswa njengediphozithi yokuvala isikhala semali eshodile.

8. NGINGAYITHOLA YINI I-FLISP UMA NGINGAYITHOLI IMALIMBOLEKO YOKUTHENGA UMUZI?
Cha. Lolu hlelo lusebenza kuphela uma uthole imalimboleko yokuthenga umuzi.

9. NGINGAYISEBENZISA YINI I-FLISP UMA NGIZITHENGELA UMUZI NGEMALI EBENGIZONGELA YONA?
Cha. Umfakisicelo kumele athole imalimboleko yokuthenga umuzi.

10. UMA NGITHENGA ISIZA ENKOSINI, NGINGAYITHOLA YINI I-FLISP?
Cha. Nanoma yisiphi isiza esixhaswe ngezimali ze-FLISP kumele sibe netayitela elisemthethweni.

11. NGINGAYITHENGA YINI INDLU YE-RDP NGISEBENZISA I-FLISP?
Yebo, inqobo nje uma ingekho imibandela eyimigoqo evimbela lokho.

12. NGABE NGINALO ILUNGELO LOKUTHOLA I-FLISP NAKUBA NGITHOLA ISIBONELELO SOMUZI KUHULUMENI?
Yebo. Kodwa-ke, isibonelo siyobalwa sibe yingxenye yomholo wakho.

13. UMUZI WAMI WADLIWA KODWA MANJE SENGIFUNA UKUTHENGA UMUZI OMUSHA, NGINGAYITHOLA YINI I-FLISP NJENGOBA NGINGAKAZE NGIHLOMULE EZIBONELELWENI ZIKAHULUMENI PHAMBILINI?
Cha. Lolu xhasomali luqondene kuphela nabantu abaqala ngqa ukuthenga umuzi.

14. NGABE KUMELE NGIKHOKHE YINI UMA NGIFAKA ISICELO SE-FLISP?
Cha. Lona ngumsebenzi ohlinzwa nguhulumeni mahhala.

Ezinye zezindlu zohlelo lwe FLISP esigcemeni Ulundi D eziwumphumela wokubambisana phakathi koMynango Wezokuhlaliswa Kwabantu KwaZulu- Natali kanye nomasipala wasoLundi.